
**_Zonke izingane ezizalwa komama abane-HIV kumele zihlolelwe i-HIV_**

## Ngabe ingane ihlolwa nini ukuhlolelwa i-HIV?

- Ezinye izingane zizohlolelwa i-HIV ekuzalweni (udokotela wakho noma unesi, uzokutshela uma ingane yakho kudingeke ukuthi ihlolwe).
- Uma ingane yakho inamaviki angu 6 ubudala (lokhu kwenziwa ezinganeni ezizalwa komama abane-HIV).
- Kumaviki angu 6 ngemuva kokuyekisa ukuncelisa ibele.
- Ezinyangeni ezingu-18.
- Ezinye izingane zizodinga ukuhlolelwa i-HIV ngezinye izikhathi, isibonelo, emavikini angu 16 ngemuva kokuzalwa. Udokotela wakho noma unesi, uzokutshela uma ingane yakho idinga ukwenziwa amanye ama-test. Njalo thola ulwazi ngokuthi ingane yakho kumele ihlolwe nini.

**_Imiphumela yohlolo kumele ilandwe ekliniki phakathi kweviki lokuqala ukuya kwelesibili ngemuva kokwenza uhlolo noma i-test._**



## Kwenzekani uma imiphumela yohlolo ibonisa ukuthi ingane ayinayo i-HIV?

- Khumbula ukluthi uma ingane itholakala kuhlolo ingenayo i-HIV kuhlolo lokuqala, kusadingeka ukuthi uqaphele lapho udlisa ingane yakho, uyinike imithi owanikezwa yona ekliniki/ noma esibhedlela kanye nokuyihambisa ukuthi ihlale iyohlolwa njalo.
- Uma ingane yakho yahlolelwa i-HIV ekuzalweni, kanti yatholakala ingenayo, uhlolo kumele luphinde lwenziwe emavikini angu 6.
- Uma imiphumela ibonisa ukuthi ingane ayinayo i-HIV kuhlolo lwayo emavikini angu 6, uhlolo lwe-HIV kumele luphinde lwenziwe futhi emavikini angu 6 ngemuva kokuba iyekile ukuncela ibele.
- Uma isaphinde ibonisa ukungabi nayo i-HIV futhi, uhlolo kumele luphinde lwenziwe futhi ezinyangeni ezingu 18.

## Kwenzekani uma imiphumela yohlolo ibonisa ukuthi ingane ine-HIV?

- Uma imiphumela yohlolo lwengane ibonisa ukuba ne-HIV kunoma yinini, ingane izonikezwa imithi yama-antiretroviral treatment ngokushesha. Izophuza lemithi impilo yayo yonke.
- Izinsana ezincane kanye nezingane ezingaphansi kweminyaka engu 5 ubudala, kumele zisheshe ziqale ukunikezwa imithi ngokushesha.

## Ingane encane inikezwa isiraphu ye-Nevirapine


- Zonke izingane ezizalwa komama abane-HIV, zinikezwa isiraphu ekuzalweni.
- Ezinye izingane zinganikezwa nomuthi we-AZT kanye nesiraphu ye-Nevirapine. Udokotela noma unesi uzokutshela ukuthi kumele unikeze ingane yakho muphi umuthi.
- Udokotela noma unesi uzokutshela ukuthi unikeze ingane i-Nevirapine noma eminye imithi. I-Nevirapine, izomiswa enganeni kumaviki angu 6, kodwa kungenzeka inikezwe isikhathi eside ukwedlula lesi kwezinye izingane. Izingane eziphuza ubisi lwamathini zizonikezwa iNevirapine amaviki angu 6. Omama abaqale ukuphuza imithi yama-antiretrorival (isibonelo, i-FDC) amaviki angu 4 ngaphambi kokuzalwa kwengane, kanti futhi ene-viral load ephansi, nayo kuzomele iyeke ukuphuza isiraphu ye-Nevirapine kumaviki angu 6.
- Uma uphuzisa ingane i-Nevirapine isikhathi esingaphezu kwamaviki angu 6, hlola kumsebenzi wezempilo ukuthi kumele ungezele umthamo ewuphuzayo kangakanani njengoba ingane iya ikhula.

## Ingane encane enikezwa isiraphu ye-Bactrim

- Isiraphu ye-Bactrim iqalwa kumaviki angu 6 ingane izelwe, ezinganeni ezizalwa komama abane-HIV ukuvimbela amanye ama-infection ukungena enganeni.

### Ngabe i-Bactrim kumele inikezwe isikhathi esingakanani?

- Uma ingane idla ubisi lwethini kanti futhi ingenayo i-HIV, i-Bactrim izomiswa.
- Uma ingane incela ibele, kumele iqhubeke nokuphuza i-Bactrim kuze kube isiyekile ukuncela ibele kanti futhi kumele ihlolelwe i-HIV emavikini angu 6 ngemuva kokuyeka ukuncela ibele, uma itholakele ingenayo i-HIV.
- Uma ingane itholakala ine-HIV, izoqhubeka nokuphuza i-Bactrim, ngisho noma ngabe incela ibele noma iphuza ubisi lwamathini.



***Uma ingane yakho ine-HIV, izokwelashwa. Lokhu kungaqala ngokushesha ngendlela okungakhonakala ngayo. Lokhu kuzokwenza ukuthi ingane yakho ihlale iqinile futhi inempilo.***

## Ngabe yini ukuncelisa ibele lodwa kuphela?

Ukuncelisa ibele lodwa kuphela kuchazwa njengobisi lwebele, olungaxutshwa nokunye ukudla (okufana namanzi, ujuzi, nobisi olungelona olwebele, akunaphalishi, akuna-yoghurt noma okunye ukudla okuthambile), ngaphandle kwemithi enikezwe ngudokotela/noma umsebenzi wonakekelo lwezempilo lapho kudingeka imithi.

## Ngabe yini inzuzo ebalulekile yokuncelisa ibele enganeni ?

- Ubisi lwebele luhlinzeka ngezakhamzimba ingane ezidingayo ukuze ikhule ithuthuke ezinyangeni zokuqala eziyisithupha, kanti futhi ubisi lwebele luyaqhubeka ukuhlinzeka ingane ngezakhamzimba ingane ezidingayo ukusukela ezinyangeni ezingu 6 ukuya kwezingu 12.
- Ubisi lwebele luqukethe ama-antibodies asiza ukwakha amasosha omzimba engane, kanti lokhu kuvikela ingane kwizifo ezifana nohhudo kanye nenyumoniya.
- Izingane ezinceliswe ibele azivamile ukuba nama-infection obunzima bokuphefumula kanye nawokuphathwa zindlebe kunalezo eziphuza ubisi lwamathini.
- Ubisi lwebele luqukethe izakhamzimba ezibalulekile ezenza ukuthi ingaphakathi lamathumbu nesisu kuhlale kuqinile kanti lokhu kusiza ukuphungula amathuba okungenwa ngama-infection.
- I-colostrum noma isithubi (ubisi lokuqala ingane elithola ebeleni ngemuva kokuzalwa, luthathwa njengesivikeli nogonyo lokuqala lwengane. Lolu bisi lokuqala lunama-substance avikelayo kanti futhi lubaluleke kakhulu enganeni esanda kuphuma esibelethweni lapho ebivikeleke khona manje esihlangana nawo wonke ama-infection okokuqala kwisimo sangaphandle kwesibeletho.
- Ingane ngeke yathola lokhu kuvikeleka kunoma yiyiphi enye inhlobo yokudla ngaphandle kobisi lwebele.
- Ubisi lwebele yindlela engcono kunazo zonke yokondla ingane kanti futhi isipho esibaluleke kunazo zonke umama wengane angasinikeza ingane yakhe ukuqala impilo ihlomele ukuvikeleka nokusinda kwizifo kanye nama-infection.

Ukuthola ulwazi olubanzi: **www.hivsa.com**

**www.choma.co.za**
Choma Magazine on facebook
Twitter: **@Chomamag**

**www.hi4life.co.za**
hi4LIFE on facebook
Twitter: **hi4LIFE101**

*ISSUE 1 - OCTOBER 2016*

**• Abantu abakwizithombe ngama-model kanti futhi abanayo i-HIV noma ezinye izimo ezikhonjiswe kule phamflethi noma le ncwajana.**

Le phamflethi (le ncwajana) ithole usizo lwemali ngokusekelwa ngabohlelo oluvela kwi-US President's Emergency Plan for AIDS Relief (PEPFAR) oluvele kwabe-US Agency for International Development ngaphansi kwesivumelwano se-Cooperative Agreement No. AID-674-A-00-08-12-00015 ngabe-Anova Health Institute.

Imibono evezwe kule-phamflethi akuyona nje kuphela imibono yabe-PEPFAR, USAID noma abe-AHI.

**Abenombolo yosizo kazwelonke i-National AIDS Help Line:**
**0800 012 322 (engakhokhelwa)**

**Ungaxhumana nabe-HIVSA ku: Ucingo: +27 11 494 1900**

isi Zulu

**Wena okudingeka ukwazi maqondana...**

# Ukusa ingane yakho kuhlolo lwe-HIV (PCR)

